# *QAPHELA UFUNDE !!!*

*IMIYALELO KUMFUNDI*

- *FUNDISISA LONKE iphepha ngaphambi kukuqala ukubhala.*
- *MUSA ukuxova izinombolo zemibuzo.*
- *Sebenzisa isiZulu esivumelekile.*
- *Bhala umsebenzi OHLANZEKILE.*
- *Sebenzisa UBHALOMAGAMA oluvumelekile.*
- *HLUKANISA kahle ISIKHATHI umbuzo ngamunye ukuze uqede kahle.*
- *Qala isiqephu ngasinye ekhasini ELISHA*
- *FUNDISISA iphepha lakho uma uqeda ukubhala.*

1. Fundisisa indatshana elapha ngenzansi bese uphendula imibuzo ebuziwe ngemisho EPHELELE.

# Ukuba umshayeli zindiza

UKUNDIZA NGEBHANOYI BEKUYIPHUPHO LEMINYAKA LIKAVUSI KUMALO



Kwakuthi uma kuduma ibhanoyi ledlula phezu kwelokishi laseTlhabane eduze kwaseRustenburg, okunguVusi kuphume ~~kugulukudela endlini kuyobuka le~~ nyonikazi esiliva ngombala. Kuyena yayiyisimangaliso le nyoni. Kwala noma sebemtshelile ukuthi kwakungeyona inyoni yomlingo kodwa kwakuyindizamshini endala nje, ukuthatheka kwakhe akuzange kunciphe. Ayekubuka njalo kwaphenduka impilo yakhe, wakuphilela.

"Ngisakhumbula kahle namanje indlela engadumala ngayo mhla ngithola ukuthi abazali bami abasoze bakwazi ukuthenga ibhanoyi ngoba babeyizimpofana," kuhleka uVusi. "Ngangifunda Ibanga 4 ngesikhathi kungicacela ngempela ukuthi ayikho enye into engifuna ukuba yiyona ngaphandle kokuba ngumshayeli wezindiza. Abazali bami baqala bangangikholwa. Kwathi uma bebona ngifuna amathoyizi amabhanoyi nezincwadi eziphathelene nokundiza kwamabhanoyi, kwaba yima bebona ukuthi lokhu kwakungekhona nje ukuphupha okufana nokwezingane nje, ezivuka ekuseni sezikukhohliwe. Babona ukuthi kwakuyinto engiyizwa ngaphakathi."

Wathi uma eqeda uMatikuletsheni uVusi waya ukuyofunda eMafikeng Flying School. Lapho waqeqeshwa khona eqeqeshelwa ukuba ngumshayeli wamabhanoyi. Wafunda khona iminyaka emibili wase edlulela ePitoli eWonderboom Flying School. Kulapho athola khona ilayisensi yokushayela amabhanoyi amancane. Kodwa okwakuxaka ukuthi uVusi akazange alithole ithuba lokushayela indiza.

"Awukwazi ukujabha engaba nakho uma sengingasawutholi umsebenzi. Phela ngangisebenze kanzima, izithukuthuku kanye nokuhlupheka lokhuya engangidlule kukho! Ngayithola ilayisensi – kodwa ngangimnyama phela. Lokhu kwasho ukuthi angilimise iphupho lami lokuba ngumshayeli wezindiza," kusho uVusi.

Ngonyaka ka-1992 wehlelwa inhlanhla enkulu ngoba wathola umsebenzi kwaBopair. Ekugcineni, emuva kweminyaka emibili nokundiza izinkulungwane zamahora, uVusi waba ngowokuqala kwabane abamnyama ababa ngabashayeli esikhumulweni sezindiza iSouth African Airways (SAA).

"Emuva kokhetho luka-1994 ukuba mnyama kwakungaseyona ingqinamba. Iminyango yavuleka," kuchaza uVusi.

( Icashunwe encwadini Inkanyezi Ibanga 6 )

1.1 Ikhaya likaVusi liseduze kwaliphi idolobha? (1)
1.2 Libizwa ngokuthini ilokishi azalelwa kulo uVusi? (1)
1.3 Yini ayesuke efuna ukuyoyibona uVusi uma ephuma egulukudela endlini? (1)
1.4 UVusi wayelibiza ngokuthi yini ibhanoyi esemncane? (1)
1.5 Wayefisa ukuthi abazali bakhe bamenzeleni uVusi? (1)
1.6 Wakubona nini empilweni yakhe uVusi ukuthi into afisa ukuyenza uma esemdala ukushayela amabhanoyi? (2)
1.7 Babona kanjani abazali bakaVusi ukuthi wayefuna ngempela ukuba umshayeli wamabhanoyi umntwana wabo? (2)
1.8 Uma ucabanga yini eyadala ukuthi uVusi aphumelele ukufeza iphupho lakhe lokufundela ukuba umshayeli wamabhanoyi? Bhala UNGADLULI emgqeni emithathu. (2)
1.9 Kwenziwani endaweni ebizwa ngokuthi i-Mafikeng Flying School? (1)
1.10 Bhala amagama achaza la magama abhalwe lapha ngenzansi ngesiZulu esijwayelekile:
1.10.1 Inyoni eyisiliva. (2)
1.10.2 Ukuqeqesha (2)
1.11 Phendula ngokuthi IPHUTHA noma IQINISO embuzweni elandelayo.
1.11.1 I-Wonderboom Flying Schhol iseMafikeng. (1)
1.11.2 Ngenkathi eqeda ukufundela ukushayela indiza uVusi akawutholanga umsebenzi ngoba abantu bokushayela izindiza babengadingeki ngoba base bebaningi kakhulu. (1)

[18 ]


2. Funda ingxoxo yalaba abasitshela ngemisebenzi yabo lapha ngenzansi bese uphendula imibuzo ebuziwe kuyo ngemisho EPHELELE.

UThando



Nginesitolo esincane sokukhanda. Sikhanda silungise amakhompyutha kanye nempahla yezesayensi

uHlela



Ngisebenza embonini, ngakha amashampu nokhilimu bobuso. Ngesinye isikhathi kuthatha iminyaka ukwenza lokhu njengoba kufanele siqikelele ukuthi yonke into iphephile futhi iyasebenza ngaphambi kokuba sikudayise lokho.

uLulu,



Ngingumsebenzi kwezokongiwa kwemvelo. Ngisebenza lapho kongiwa khona imvelo – ngisize ekuvikeleni impilo yezilwane nezihlahla endaweni lapho kongiwa khona imvelo.

Sicashunwe encwadini INkanyezi *banga 6*

2.1 Phakathi kwalaba bantu abasezithombeni, uma ufelwe umakhalekhukhwini (cellphone) wakho ungawuhambisa kubani? (1)
2.2 Bhala uchaze ukuthi kungani (why) ungeke uwuhambise kuLulu umakhalekhwini? (2)
2.3 Ubani owenza umsebenzi wokuvikela imvelo? (1)

2.4 Uma ucabanga umuntu osebenza ukonga nokuvikela imvelo yini ayenzayo? Bhala kube KUBILI. (2)

2.5 Inkinga yokumilwa izinduna (pimples) ebusweni bomuntu ubani ongasiza ngayo kulaba abazikhangisayo lapha? (2)

2.6 Yini eyenza ukuthi kuthathe iminyaka ukwenza le mikhiqizo (products) eyenziwa uLwazi? Bhala uchaze ngamaphuzu (points) AMABILI. (2)

2.7 Khetha impendulo eyodwa kuloku okulandelayo, ubhale uphawu KUPHELA.

2.71 Umsebenzi wokukhanda amakhompytha ufundelwa:

(i) Abafana kuphela.

(ii) Abafana namantombazane

(iii) Abelungu kuphela. (1)

2.72 Ingane yemfene kuthiwa:

(i) Umathananazana

(ii) Isijwana (1)

(iii) Ichwane

[13]

## ISIQEPHU B

1. Fundisisa indatshana elandelayo bese uyifingqa ngamagama AKHO ngamaphuzu ayi-7.


IMIYALELO:

1.1 Bhala amaphuzu ayi-7.
1.2 Amagama akho abephakathi kwangama-50 kuya kwangama-60.
1.3 Imisho yakho mayibe nezinombolo kusukela kuno – 1 kuya esi – 7.
1.4 Umusho ngamunye ubenephuzu ELILODWA.
1.5 Sebenzisa amagama AKHO.
1.6 Bhala inani lamagama owasebenzisile.

### Izibongo zakhe kuthiwa "uYoung Mabizela" kuBafana

*NguPeter M*
*Uyibhale esePolokwane*

UMbulelo Mabizela ukapteni omncane kunabo bonke abake baba okaptein kuBafana Bafana. Waba ukapteni ngenkathi iBafana Bafana idlala neTrinidad neTobago okwakuyimidlalo eyayiyokwenza ukuthi iqembu laseNingizimu Afrika lithole imvume yokudlalela Indebe Yezizwe zase-Afrika (African Cup of Nations) ngonyaka ozayo.





Impumelelo engaka yomdlali we-Orlando Pirates onethalente ebe eneminyaka engu-22 nje kuphela. Lo mfanyana waseMgungundlovu usheshile ukufinyelela esicongweni. Ubukhombisile ubunyonico bakhe lapho edlala phakathi – phambili nakuba eseke wadlala nasemuva. Waba umdlali ovelele ngenkathi iBafana Bafana idlala ne-Ivory Coast ngonyaka odlule, waqhubeka nokukhombisa ikhono lakhe eqenjini ebelingadlali kahle kulezi zinsuku.

[10]

## ISIQEPHU C

1. Fundisisa ingxoxo elandelayo bese uphendula imibuzo ebuziwe ngemisho EPHELELE.




Inkanyezi Ibanga 9

1.1 Ubani othi uphatheke kabi kule ngxoxo? (1)
1.2 Yini eyenza aphatheke kabi lo othi uphatheke kabi? (1)
1.3 Ubezimisela ukufundela muphi umsebenzi uThela? (1)
1.4 UThela uthi kungcono enzeni njengoba efeyilile nje? (1)
1.5 ULwazi umyala (advise) ngokuthi enzenjani uThela? (1)
1.6 ULinda uthi kungcono asiyeke ngempela uThela isikole. Uyavumelana noma uyaphikisana nalo mbono. Sekela impendulo yakho UNGADLULI emgqeni emibili. (2)
1.7 UThela ubefisa ukushayela izindiza njengo:
   (i) Vusumuzi Bhengu
   (ii) Jack Engelbreth
   (iii) Vusi Kumalo (1)
1.8 Tomula/khipha (choose) umusho oshiwo uSihle okhuthaza (motivate) uThela. (1)
1.9 Wena ukuba unguThela ubuzokwenzenjani? (1)

[10]

4Funda isikhangiso esilandelayo bese uphendula imibuzo ebuziwe kuso ngemisho EPHELELE.

**Umgosi**
Iphephandaba elikulethela ezisematheni
**P.O. Box 92, Nongoma 3950**
*Tel: 035 – 882345*
*Fax: 035 – 882301*
*e-mail: editor@umgosi.co.za*

# Isitolo sodumo sinakekela imvelo

Indaba nezithombe ngu- Zandile Biyela




**UMnu. Gumbi imenenja yeSitolo Sodumo kwaNongoma kanye noMnu. Pieterse wezokunakekelwa kwendawo.**

Isitolo Sodumo kwaNongoma sibambe iqhaza ekunakekelweni kwendawo ngokuba sakhe oplastiki abangalahlwa. Labo plastiki ababizwa ngokuthi 'Plastic Bag for Life' ungabasebenzisa kaninginingi ukufaka igilosa yakho. Ephawula ngalaba oplastiki umphathisitolo uMnu. Gumbi uthe, "Oplastiki bayinkinga kabi ekungcoliseni indawo. Isitolo Sodumo siye sazimisela ukuba kube khona esikwenzayo ukuze indawo ihlale ihlanzekile. Leli igxathu lokuqala esilithathayo sithemba ukuthi lizokwenza omkhulu umehluko. Bazoncipha oplastiki abalahlwayo.

Icashunwe encwadini IsiZulu Soqobo Ibanga 7

4.1 Ubani igama lephephandaba elikhiphe le ndaba? (1)

4.2 Litholaka kuyiphi indawo iphephandaba okuxoxwa ngalo la? (1)

4.3 Isithombe nendaba kubhalwe ubani? Igama nesibongo. (1)

4.4 Oplastiki abatholakala esitolo sakwaNongoma babizelwani ngokuthi, " Plastic Bag for Life? (2)

4.5 Yini eyenze umnikazi wesitolo acabange ukwenza oplastiki abangalahlwa? (2)

4.6 Sebenzisa **isihlanganiso** ukuhlanganisa imisho elandelayo. Khetha esisodwa kulezo ozinikeziwe.

**uma, ngoba, ukuze, futhi.**

(i) UMnz. Gumbi uyena owacabanga ukwenza oplastiki abaqinile.

(ii) Indawo yakwaNongoma ingangcoli. (1)

4.7 Shintsha igama elibhalwe ngokuhlukile kulo musho ulenze libe **isinciphiso.**

(i) Abantu bayathanda ukuphatha ngalaba ***oplastiki*** abasha. (1)

4.8 Bhala **isiphawulo** esifanele ngesiqu sesiphawulo **u-khulu** ukuze umusho olandelayo uzwakale kahle. Bhala umusho UDWEBELE isiphawulo.

(i) UMnuz. Pieterse wenze umsebenzi…….. ngokuqala oplastiki abaqinile noMnuz Gumbi. (1)

[10]

ISAMBA [80]